# Kugqugquzelwa ukugonywa kwezinja EKZN

## Isolezwe

THAKASANI KHUMALO

2 Aug 2023



UNGQONGQOSHE womnyango wezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya Kwazulu-natal, umnuz Super Zuma, ugqugquzele ukugonywa kwezinja ngenxa yesifo amarabi. Uzuma ukusho lokhu evakashele ewelbedatch, echatsworth, izolo lapho okubikwe ukuthi sekubheduke amarabi futhi asesabalele nasezingxenye ezithize zasemlaza.

Uzuma unxenxe abantu ukuthi bagome izinja namakati ukuze bazivikele nabo kulesi sifo."Amarabi yisifo esiyingozi ngendlela exakile yingakho silokhu silishumayela elokuthi abantu abagome izinja namakati, ngani ngoba isifo lesi esiyingozi uma uke walunywa yinja, futhi siyashesha ukuthelelana.

"Uma kuwukuthi usulunywe yinja kumele usheshe ugeze isilonda ngamanzi agobhozayo, uzame nokuthi uthole usizo kusenesikhathi, abantu bakithi babuye babe manqika ngalezi zinto zokugoma yingakho sibagqugquzela," kusho yena.

Eqhuba, uthe njengomnyango sebeluqalile uhlelo lokuthena izinja ukuze kungandi izinja zasendle. Uphinde wadalula nokuthi lolu hlelo luzohambela zonke izifunda EKZN."Ukuthenwa kwalezi zilwane kusisiza kakhulu ekunqandeni ukubhebhetheka kwamarabi ngoba uma zingasazalani lokho kusho ukuthi azandi nokuzonciphisa lesi sifo.

Ngenyanga edlule besisesifundeni iking Cetshwayo nalapho besiyogoma saphinde sathena izinja futhi sizolokhu siqhubeka njalo nokwenza izinhlelo ezifana nalezi, "kusho uzuma.Udokotela wezilwane udkt Brighton Dara, uthe kade baqala ukubambisana nomnyango ezinhlelweni zokugonywa kwezinja.

Eqhuba, uveze ukubaluleka kokunakekela izilwane ezifuyiwe. “Kubalulekile ukunakekela izilwane esihlala nazo emakhaya, ukuzigoma kungenye yezindlela zokunakekela izilwane,” kusho udara.